


**SENIOR CERTIFICATE  
EXAMINATION  
SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN**



**OCTOBER / NOVEMBER  
OKTOBER / NOVEMBER**

**2004**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI  
IZINGA ELIPHANSI**

**(Iphepha Lokuqala)**

**SG**

**928-2/1**

**9 pages**

IsiZULU SECOND LANGUAGE SG: Paper 1



**COPYRIGHT RESERVED / KOPIEREG VOORBEHOU  
APPROVED BY UMALUSI / GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI**



<b>ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHANSI (Iphepha Lokuqala)</b>	<b>928-2/1 W</b>	<b>2</b>
--	------------------	----------

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG  
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI  
IZINGA ELIPHANSI  
(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMLO: 80**

---

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu **A, B** no-**C**.
  - Phendula yonke imibuzo.
  - Izimpendulo mazihambisane nemibuzo zingaxovwa.
  - Fundisisa imibuzo anduba uphendule.
  - Ukubhala ngobunono kuyaziswa kakhulu.
- 
-

## **ISIGABA A**

### **UMBUZO 1**

#### **ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

1.1 Funda le ndaba engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kwakunomthunzi kuphole kahle ngaphansi kwesihlahla okwakhuleli kusona abasizi basezindlini ababehlabhe ikhefu. Inkulumo yabo yayishisa njengelanga elalikhapha umkhovu etsheni ngalelo langa.

“Umqashi wami akafuni nokuyizwa eyale-UIF,” kusho uZodwa. “Amafomu okwakumele awagcwalise wavele wawafaka emgqonyeni. Wagana unwabu uma ngimtshela ukuthi ngifuna ukurejistwa. Lokhu kusho ukuthi angisoze ngahlomula kulesi sikhwama.”

“Thina asinandaba!” kusho uBuli ngokunganaki. “Wena uhlushwe yini? Uzokhokha nawe kule- UIF.”

“Yimani kancane bakwethu!” kusho uLindiwe. “Le-UIF izosisiza kulaba baqashi bethu abangasicabangeli. Uma uxoshwa, ngeke ulambe. Ngeke basiphophe ukuba sibuyele emsebenzini ngokushesha emva kokubeletha. Uzothola i-maternity leave neminye imihlomulo efanele njengabo bonke abasebenzi.”

Umhlaka- 31 Mashi kwakumele ushaye bonke abasizi basezindlini baseNingizimu Afrika seberegistiwe ngabaqashi babo ukuze bajoyine i-UIF. Kwakumele kushaye umhla ka- 7 Meyi sebemkhokhele u-Epreli:

Umqashi nomqashwa bakhokha iphesenti elilodwa lomholo wabo kwi-UIF. Okusho ukuthi uma uhola u-R600 ngenyanga, ukhokha u-R6 nomqashi wakho ukhokha u-R6 ozongena kwa-UIF.

Okuhle ngalokhu ukuthi kuzonika izigidigidi zabasizi basezindlini ithuba lomhlomula kule-UIF-njengoba kwenzeka kubo bonke abasebenzi eNingizimu Afrika. Uma ungumsizi wasendlini, kusho ukuthi usuvikelekile wena nomndeni wakho. Le mali uzoyithola uma ungasasebenzi; unengane oyikhulisayo njengeyakho noma ufuna ingane ozoyikhulisa njengeyakho; ugula kakhulu; kanti uma ushona, umyeni wakho, unkosikazi noma obondlayo nabo bazokwazi ukuhlomula kule mali.

Pho owani lo msindo ongaka ngale-UIF?

Kukhona abaqashi abakhala ngokuthi lo mthetho uzobagqilaza.

“Ayizwakali kahle le nto!” kukhala uWendy Pilkington waseGlenwood, eThekwini.

“Ngeke sigcine ngokugcwalisa amafomu okurejista nje kuphela. Kuzodingeka ukuba ugcalise ubuye uthumele isheke lika R18 ngenyanga kwi-UIF. Ibhange libiza R40 ngesheke oligcwalisile. Okusho ukuthi le mali uyikhokha isiphindaphindiwe.”

Empeleni uWendy angenza lokhu ukuze kwehle lezi zindleko:

- Angafaka uWendy kwi-UIF Bank Account eseFNB, Church Square, Pretoria, Account: 51420056941.
- Azikhokhele kanyekanye zonke izinyanga ezingu-21
- Akhokhe esebenzisa i-“internet.”

Le ndlela izoqala ukusebenza maduze nje. Kuyicala ukungamrejisti umuntu omqashile ngokukaShadrack Mkhonto ongukhomishana we-UIF. Uhlawuliswa u-R5000 noma ubhadle iminyaka emihlanu ejele.

## Imibuzo

- 1.1.1 Abasebenzi babekhuluma indaba engelula lapha. Bhala umusho owodwa osekela lokhu esigabeni 1. (1)
- 1.1.2 Nika igama lalolu hlelo lwabasebenzi olubavikelayo. (1)
- 1.1.3 Umsebenzi onguLindiwe uhluke kanjani kumsebenzi onguBuli ngokwendlela ababona ngayo i-UIF? (2)
- 1.1.4 Kungani uBuli engaluthandi lolu hlelo lwe-UIF? (1)
- 1.1.5 Abasebenzi basezindlini izobasiza kanjani i-UIF. Bhala izinto ezimbili. (2)
- 1.1.6 Kungani abaqashi bengaluthandi lolu hlelo lwe-UIF? (2)
- 1.1.7 Bhala izindlela ezimbili ezingasetshenziswa abaqashi ukukhokha imali ye-UIF. (2)
- 1.1.8 Wena ungenzani ukusiza abasebenzi basezindlini abafana noBuli? (2)
- 1.1.9 Ngokubona kwakho, lolu hlelo luyinto elungile? Nika isizathu esisodwa. (2)
- 1.1.10 Bhala izindlela ezimbili umqashi ongalandeli imithetho ye-UIF angajeziswa ngazo. (2)
- 1.1.11 Yimuphi umsebenzi wasekhishini kulaba bobathathu okhombisa ukuwazi kahle amalungelo akhe? (1)

<b>ISIZULU ULIMI LWESIBILI</b> <b>IZINGA ELIPHANSI</b> <b>(Iphepha Lokuqala)</b>	<b>928-2/1 W</b>	<b>5</b>
--	------------------	----------

1.1.12 Phendula ngo-Yebo noma ngo-Cha.

- (i) Umbhali wale ndaba uyibhale ngoba efuna ukukhombisa ukuthi abasebenzi basezindlini abazi lutho ngamalungelo abo.
- (ii) Abaqashi bonke kumele bafundiswe ngalolu hlelo lwe-UIF.
- (iii) Abaqashi bangayikhokha le mali uma bethanda.
- (iv) Abasebenzi akufanele nakancane baxhase ekukhokheni imali ye-UIF.
- (v) Amalungelo abasebenzi basezindlini kade evikelekile nangaphambi kokufika kwalolu hlelo lwe-UIF (5)

1.1.13 Endabeni thola izimo zenkulumo ezichazwa yilokhu okulandelayo:

- (i) Babephumulile.
  - (ii) Ilanga lalishisa kakhulu.
  - (iii) Wathukuthela kakhulu. (3)
- [26]**

1.2 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

JUNI 2003

BONA

**IZIMANGA ZEMPILO**

- 12. Owesimame ongadikibaliswanga wukukhubazeka kwakhe
- 18. Isikhalo somdlali webhola ongaboni emehlweni.
- 22. UTumi wasindiswa uthando.

**EZIBALULEKILE**

- 16. Sinethulela iNdlovukazi yemvula.
- 17. U-Precious Simelane uthi akayena uZanele.
- 26. Zilungisele imoto yakho.
- 27. Zakhele imali nge-R&B.
- 28. Ungathembela kwiBiogas.

**EZEMFUNDO**

- 10. Incazelo ngephrojekthi entsha.
- 48. Ukusebenza kwezinto: amabhilidi amade.
- 50. Project file: Izimpaphe.
- 52. Ezase-Afrika: iMalawi.

**OKWABESIMAME**

- 58. Imfashini yabesilisa.
- 70. Ukunakekelwa kwesikhumba sabesilisa.
- 71. Ukudla kwesintu okwehlukile.
- 74. Ophayi abashisayo.

**IMINCINTISWANO NEMITITILIZO**

- 33. Wina izingubo zokulala zika-R25 000.
- 42. Umncintiswano wezingane ezithokozile.
- 62. Okwamahhala.
- 88. I-Bona Block Puzzle.

**EZINGAGUQUKIYO**

- 6. Izincwadi zabafundi.
- 7. Ezalapha.
- 87. Buza uSisi Sarah.
- 89. Okushiwo yizinkanyezi zakho.

**Imibuzo**

- 1.2.1 Yiziphi izindaba ezimbili ezilapha kuleli phephabhuku ezikhombisa abafundi ukuthi ukukhubazeka akusho ukuthi sekuphelile ngawe. (2)
- 1.2.2 Uma ufuna ukwazi ngelizwe lase-Afrika ungavula kuliphi ikhasi? (1)
- 1.2.3 Ufuna ngaphansi kwasiphi isihloko uma ufuna ukwazi ngokudla kwesintu? (1)
- 1.2.4 Uma kungathiwa khetha indaba oyithandayo lapha ku**Bona** uyifunde, ungafunda yiphi? Yisho ukuthi kungani ungakhetha lokho okukhethile. (2)
- 1.2.5 Ezinjani lezi zindaba abathi, 'Ezingaguqukiyo' lapha? (2)
- 1.2.6 Abantu abafuna ukwazi ngokungase kwenzeke ngezimpilo zabo esikhathini esizayo bafunda siphi isihloko? (1)

**[9]****IMIKLOMELO YESIGABA A:****[35]**

**ISIGABA B**

**UMBUZO 2**  
**UKUFINGQA**

Fingqa le ndatshana engezansi ibe ngamaphuzu ayishumi (10) kuphela. Uyacelwa ukuthi uyibhale ngawakho amagama nokuthi ungaguquli umqondo wendaba.

**Uthando Lwabomndeni Luyizinto Zonke...**

Isihlabani somculo wokholo uRebecca Malope wakhombisa olukhulu uthando ngesikhathi ezethwesa umsebenzi wokunakekela akhulise izingane zikadadewabo ongasekho kusukela ngonyaka ka-1996.

“Abazali bami babehlale bengekho ngesikhathi ngisakhula. Ngakhoke uthando abantwana bakadadewethu engibanika lona, yinto mina engingazange ngiyithole,” kusho uRebecca.

URebecca izinkinga abhekana nazo empilweni akazange azivumele ukuba zime endleleni yakhe. Lesi sihlabani okumanje sineminyaka engu-35, sasuka ekhaya elokishini laseLekazi eNelspruit ngo-1986 ngenhloso yokuzifunela amadlelo aluhlaza eGoli. Ngonyaka ka-1998, uRebecca wayesethengisa cishe amakhopi omculo wakhe ayisigidi esisodwa ehambela namakhonsathi emhlabeni jikelele. Namuhla leso sibalo sokuthengiswa komculo wakhe sesiphindaphindeke kabili kanti uthathwa njengomunye wezihlabani ezivelele kwezomculo e-Afrika. Nakuba uRebecca ematasatasa kodwa uyasithola isikhathi sokuba ahlale nezingane zikadadewabo uZweli (21) ongumfana eTechnikon, uNoluthando (13) ofunda e- High School noThandeka (10).

“Nami ngithanda ukuba ngelinye ilanga ngishade ngibe nomndeni wami,” kusho uRebecca ehleka. Ngokwethenjiswa kwakhe ethenjiswa umshado ngesinye sezicebi zaseGreytown eminyakeni emine eyedlule – nokuyilapho afakwa khona indandatho yedayimani, kusabhungwa eyelobolo. Uphawule ngakho wathi, “Ngayichitha yonke leyo nto. Anginaso isikhathi. UZweli kusafanele ukuthi aqede isikole kanti noNoluthando ufuna ukuba ngummeli noma ngudokotela wezengqondo ekubeni uThandi akakaqali ngisho e-High School. Kule nyanga ezoqala ngizokhipha i-CD yami entsha okuzodingeka ukuba ngithuthukise ukuthengiswa kwayo ngama-shows kwi-TV namakhonsathi ezindaweni ezehlukene,” kusho uRebecca echaza ngokuba matasatasa kwakhe. “Esikoleni ngagcina kwaStandard Three kwadingeka ukuba ngiziphilise – ngakho-ke ngiyazi ukuthi kubaluleke kangakanani ukuba izingane zethu zikwazi ukuthola isisekelo esiyiso empilweni. Emva kwalokho, kulapho ngiyocabanga ngokuba ngithole umyeni.

*Bona–isiZulu  
May-2003*

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

**ISIGABA C**  
**UHLELO NOLIMI****UMBUZO 3**

- 3.1 Gcwalisa izikhala ezikulesi sigaba ngamagama afanele njengoba kukhonjisiwe kubakaki.

Umama \_\_\_\_\_ (**ubumnini**) wedlula emhlabeni ngoFebruwari, ngonyaka odlule. Ubaba wakhe naye sewashona kudala. Njengomama wakhe naye uLoyiso unegciwane le-HIV. (**isabizwana soqobo**) \_\_\_\_\_ nezingane zakubo ezintathu ezineminyaka engu -4, 12 kanye no -16, baphila (**isandiso sesimo**). Ukuze bafake ukudla \_\_\_\_\_ (**undaweni**) kungenxa yakhe ugo nomali yempesheni. Esikhathini \_\_\_\_\_ (**isiphawulo**) bayaye bangabi nayo imali yokuthenga ukudla kakhulukazi \_\_\_\_\_ (**isihlanganiso**) sekusondele ukuphela kwenyanga. Ngenyanga edlule ugo akaholanga. Hawu kwaba mnyama \_\_\_\_\_ (**isenzukuthi**) kuleliya khaya ngaleyo nyanga!

[7]

- 3.2 Funda nasi isigaba esisebunyeneni bese usiguqula sibe sebuningini.

Ubaba naye sewashona kudala. Ukuba nginesibindi ngabe ngiyayibuza ingane ukuthi wabulawa yini.

(1/2x8)= [4]

- 3.3 Ake usho ukuthi kule misho isijobelelo-**ana** sikhombani njengoba sisebenzile nje. Khetha izimpendulo kulezi ozinikiwe

**[Ubuncane bento, ukudelela, ukujabulisa/ ukuthokozisa]**

3.3.1 Wayehamba nezinganyana ezineminyaka engaba yisihlanu.

3.3.2 Woza nganyana kamama.

3.3.3 Akafuni nalokhu okuyinganyana yakhe.

[3]

- 3.4 Phinda ubhale lesi sigaba ugqwalisa izikhala ngamagama afanele. Khetha kulawa magama alandelayo:

**[intukuthelo, kakhulu, uToto, ngeveni, amaphoyisa, bafika, isidumbu, igazi, sikaToto, ngesibhamu, embhedeni]**

3.4.1 UThemba wabulala \_\_\_\_\_ (**ubani?**) 3.4.2 Wamdubula \_\_\_\_\_ (**ngani?**) wafa. 3.4.3 Unkosikazi wamthola \_\_\_\_\_ (**kuphi?**). 3.4.4 Wakhala waklewula njengenja. 3.4.5 Omakhelwane \_\_\_\_\_ (**benzani?**), babona umhlola. 3.4.6 Babona \_\_\_\_\_ (**ini?**) ligcwele phansi, isidumbu \_\_\_\_\_ (**sikabani?**) siphansi.

3.4.7 Babiza \_\_\_\_\_ (**obani**) ngocingo babika ukufa kwakhe.

3.4.8 Afika \_\_\_\_\_ (**ngani?**) 3.4.9 ukuzothatha \_\_\_\_\_ (**ini?**)

3.4.10 Lokho kwaba buhlungu \_\_\_\_\_ (**kanjani?**).

(1/2x10)= [5]



<b>ISIZULU ULIMI LWESIBILI</b> <b>IZINGA ELIPHANSI</b> <b>(Iphepha Lokuqala)</b>	<b>928-2/1 W</b>	<b>9</b>
--	------------------	----------

- 3.5 Lungisa izenzo ezikubakaki esigabeni esingezansi ukuze imisho ibe nomqondo opholele. Izenzo ozilungisile kumele zibe sezimpambosini zezenzo ezahlukene.
- 3.5.1 Lo mfana (**uthola**) ebhema ugwayi. 3.5.2 Phela uma (**ebhema**) endlini encane uye acabange ukuthi ngeke abanjwe. 3.5.3 Into exakayo ukuthi (**uyajeza**) nguthisha omkhulu kodwa akayeki. 3.5.4 Othisha (**bayaphoxa**) yilesi senzo salo mfana. 3.5.5 Sekukhona ikomiti (**eselizobheka**) nale nkinga. [5]
- 3.6 Phinda ubhale le misho uqalise ngamagama akubakaki:
- 3.6.1 Basuka ngehora lesithupha. (**Kusasa**)
- 3.6.2 UZama uthenge imoto. (**Ngenyanga edlulile**)
- 3.6.3 Mina ngibhala iphepha lesiZulu. (**Kuthangi**) [3]
- 3.7 Funda lesi sigaba esingezansi bese usiguqula usenze sibe inkulumo-mbiko.
- “Imali esiyikhokhayo izosisiza,” kwasho uLindiwe. (2)
- 3.8 Bhala igama eliphikisana naleli elidwetshelwe ngezansi:
- 3.8.1 Ngimude kabi phela mina.
- 3.8.2 Kwaze kwabanda bo lapha!
- 3.8.3 Ziphi izintombi zangempela?
- 3.8.4 Ngizosukuma khona manje mina! (4)
- 3.9 Bhala imisho emibili ngaleli gama elingezansi ezoveza ukuthi leli gama linezincazelo ezimbili.
- 3.9.1 ukusinda. (2)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: [80]**